USethu uthanda izinwele.

Unesihluthu esikhulu esimnyama.






Akavumi ukuzigunda izinwele zakhe.
USethu uyasithanda isihluthu sakhe.

Ekuseni uSethu uyazigeza izinwele.

Kepha akazikami.

Akanalo ikama lokukama izinwele zakhe ezinkulu.





UGugu, usisi omdala kaSethu, uthenge ikama elikhulu.

Uzama ukukama ngalo izinwele zikadadewabo.

Izinwele zikaSethu ziqinile azikameki.

Kubuhlungu uma ezikama.





UGugu wazama futhi ukukama izinwele zikaSethu.

Ziqinile azikameki!

USethu uyagijima uyocasha.

UGugu wafuna uSethu yonke indawo.

Wangatholakala uSethu.

Wabiza igama lakhe.

Akekho uSethu.






UGugu wathengela uSethu amafutha ezinwele.

UGugu wafaka izinwele zikaSethu amafutha.

Izinwele zathamba.

Abusekho ubuhlungu uma ekama.

Useyathanda ukukama izinwele!





USethu wakama izinwele zakhe wazibopha.

USethu wazibuka esibukweni.

USethu wahleka, wabheka uGugu.

Wabonga, bahleka bobabili.

USethu useyakuthokozela ukukama isihluthu sakhe wonke amalanga.

